# Ngabe zikhona ngempela izambane?

Ibhalwe nguLesley Beake | Imifanekiso nguTamsin Hinrichsen



Sesiphumile isikole. Sekuyisikhathi sokuya ekhaya.

USamuel kanye noMaryanne bahamba ngezinyawo, bayaqhubeka nohambo.

"Ngabe izilwane okuthiwa yizambane zikhona ngempela?" kubuza uSamuel kuMaryanne.
"Yebo."
"Ngabe ziyizintuthwane?"
"Cha."
"Ngabe zingamabhele?"
"Cha."

Izingane zisahamba ngezinyawo, zisaqhubeka nohambo.
"Ngabe izambane zinkulu?"
"Yebo."
"Ngabe zinamandla?"
"Yebo."

Izingane zisahamba ngezinyawo, zisaqhubeka nohambo.
"Ngabe zingasidla?"
"Cha."
"Ngabe zidlani?"
"Izintuthwane."

Izingane zisahamba ngezinyawo, zisaqhubeka nohambo.
"Ngabe izambane zihlala ezihlahleni?"
"Cha."
"Ngabe izambane zindiza njengezinyoni?"
"Cha."

Izingane zisahamba ngezinyawo, zisaqhubeka nohambo.
"Ngabe izambane zihlala nabantu?"
"Cha."
"Ngabe izambane zithanda uju?"
"Cha."

UMaryanne uyama angabe esahamba. NoSamuel uyama naye, kodwa hhayi ngokushesha okwanele. Ube eseshayisa uMaryanne. UMaryanne ubukeka ethukuthele.

"Ngabe izambane ..."

UMaryanne uphakamisa isandla sakhe.
"AKE UYEKE UKUBUZA IMIBUZO!"
"Kodwa ..."
"YIMA!"

UMaryanne ukhombisa uSamuel isakhiwo esincane. Kukhona uphawu esakhiweni.

UMTAPO WEZINCWADI.

USamuel ubuka uMaryanne.
"Ngabe bayazi ngezambane laphaya ngaphakathi?"
"Yebo."

USamuel ubuka umtapo wezincwadi.
"Ngabe kumele ngingene?"
"Yebo."


USamuel uyangena. Umtapo wezincwadi ugcwele izincwadi. Kukhona amakhulu ngamakhulu ezincwadi. Mhlawumbe kukhona izinkulungwane zezincwadi. Ngabe uzoyithola kanjani incwadi emayelana nezambane uSamuel?

"Yebo-ke?" kusho indoda enomusa.
"Ngabe unayo incwadi emayelana nezambane?"
Umsizi wasemtatsheni wezincwadi bese emamatheka.
"Yebo."



Indoda enomusa iletha incwadi. USamuel uhlala etafuleni bese eyibuka.

- Izambane zinkulu – zinkulu kunezinja eziningi.
- Izambane zidla izintuthwane nezinye izinambuzane.
- Izambane zizakhela amakhaya azo ngaphansi komhlaba.
- Izambane zikwazi kakhulu ukugubha.
- Izambane zihlala emaqeleni ase-Afrika.
- Izambane azinamazinyo.
- Izambane ziphinde zibizwe phecelezi ngokuthi yizingulube zasenhlabathini.
- Izambane ziphumela ngaphandle ebusuku kuphela.



USamuel uyacabanga. Indoda enomusa yenza isifanekiso sesithombe sesambane. Isinika uSamuel. USamuel usacabanga.

“Izambane ziphumela ngaphandle ebusuku kuphela,” kusho uSamuel.
“Yebo.”
“Ngabe sazi kanjani-ke ngazo?”
Indoda enomusa iyamamatheka.

“Abacwaningi bazibheka ngokukhulu ukucophelela. Abantu babeka amakhamera athatha izithombe zazo ebusuku. Abantu babhala izincwadi ezisitshela ngazo.”

USamuel uyacabanga ngalokho. “Kodwa ngabe izingane zazi kanjani ngezambane?”

“Zibuza imibuzo!”

USamuel kanye noMaryanne bahamba baya ekhaya. USamuel uthule kakhulu. Ucabanga ngezambane. Ucabanga ngazo zonke izinto azazi ngazo.

Ufisa sengathi ebengabona isambane.



“Maryanne!” kusho yena.

“Yebo?”
“Ngabe singahlala kuze kube sebusuku bese sifuna izambane? Ngabe singathatha ithoshi bese siyobona ukuthi ngabe zikhona yini izambane kule ndawo? Ngabe singathola ukuthi ikhona yini imigodi yezambane lapho zihlala khona? Singakwazi yini? Singakwazi yini?”
“Cha.”

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

# Ngabe zikhona ngempela izambane?

Ibhalwe nguLesley Beake • Imifanekiso nguTamsin Hinrichsen

## Imibono okungaxoxwa ngayo

U-Samuel ebefuna incwadi emayelana ngezambane. Iziphi izinhlobo zezincwadi othanda ukuzifunda?

Iyiphi enye indlela u-Samuel ebengafunda ngayo ngezambane bear? Uvame ukuluthola kanjani ulwazi?

## Ezibonakalayo

U-Samuel wayenentshisekelo enkulu ngezambane. Yisiphi isilwane sasendle osithanda kakhulu? Dweba isithombe saso. Bhala igama lesilwane ngezansi kwesithombe noma ucele othile akusize ukuba ubhale.

## Ukufunda

Ungakwazi yini ukusebenzisa imininingwane esendabeni ukuze ubhale uhlu "lokuyiqiniso" kanye "nokungamanga" mayelana ngezambane?

## Ukubhala

U-Samuel ubuze imibuzo eminingi mayelana ngezambane ngoba enentshisekelo ekutholeni ulwazi ngawo. Bhala uhlu lwemibuzo eyisishiyagalombili noma eyishumi ofuna ukuthola izimpendulo zayo.

## Umsebenzi wezandla

Sebenzisa ubumba noma inhlama yokudlala ukuze wenze isambane.

## Ukusebenza

Lingisa ingxoxo ephakathi kuka-Samuel no-Maryanne engxenyeni yendaba engaphambi kokuba baye emtatsheni wezincwadi.